



**health**

Department:  
Health  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

# SIYINI ISIFO I-MENINGO COCCAL

Isifo i-Meningococcal sidalwa yigciwane elibizwa ngokuthi i- Neisseria meningitidis. Lesi sifo singadalwa ukuvuvukala kontwentwesi olwemboze ubuchopho kanye nomgogodla (i-meningitis) noma ubuthi obusegazini (i-septicaemia). Lesi sifo i-Meningococcal siyingozi kakhulu futhi ingakubulala esikhathini esifishane kakhulu.

## **Sisabalala kanjani lesi sifo?**

Lesi sifo sisabalala ngokusuka kumuntu singene komunye ngokuthola uketshezi oluphuma ekhaleni noma emlonyeni (isb. ngokuqabulana, ngokuthimula, ngokukhwehlela noma ngokusebenzisa izitsha zokudla ezingcolile ebezisetshenziswa ngomunye umuntu). Abantu batheleleka ngalesi sifo uma leli gciwane liphuma ekhaleni nasemphinjeni lingena lihlasela umzimba.

## **Obani abasengcupheni?**

Bonke abantu ngokungakhethi minyaka yobudala bangatheleleka yilesi sifo, nakuba-ke sivamise ukuhlasela izingane ezineminyaka emihlanu. Ngokuvamisile, ukuze uthelaleka ngaleli gciwane kuba ngukuthi useduze kakhulu noma uhlale unaye lowo muntu onaleli gciwane.

## **Yiziphi izimpawu okumele ngiziqaphele?**

### **Izingane ezincane zingaba nalezi zimpawu ezilandelayo:**

- Imfiva
- Ukubuyisa
- Ukukhala zingathuli, ukungakuthandi ukudla, ukulokhu izibhongqa kanye/ noma ukuhlala yozela
- Ukudlikiza
- Ukuqina noma ukuvuvuka okhakhayini
- Ukuqubuka umzimba wonke noma ukuba nezisihla
- Ukuphefumula ngamandla noma ukuphefumula kanzima.

### **Izingane esezeithe ukukhula zingaba nalezi zimpawu ezilandelayo:**

- Imfiva
- Ukunkenkethelwa yikhanda
- Intamo ebuhlungu uma uyinyakazisa
- Ukuba nenzullwane noma ukudideka emqondweni

- Ukuxhopheka emehlwani uma usekukhanyeni
- Isicanucanu noma ukubuyisa
- Ukudlikiza kanye noma
- Ukuqubuka umzimba wonke kumbe ukuba nezisihla.

## **AKUYENA WONKE UMUNTU OBA NALEZI ZIMPAWU, ZIYEHLUKA KUMUNTU NOMUNTU.**

### **Yini okumele ngiyenze?**

Phuthuma esibhedlela noma emtholampilo oseduze ukuze welashwe! Bonke abantu osodelene nabo kumele baye kothola imishanguzo ukuze bavikele ukutheleleka.

**UNGABE USACHITHA ISIKHATHI!  
I-MENINGOCOCCAL  
YISIFO ESIFUNA  
UKWELASHWA  
NGOKUSHESHA!!**



**health**

---

Department:  
Health  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL